

# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

**07/2013 Intshumayelo ngosuku lokukhumbula ukusokwa kweNkosi, ngomhla ka 01. 01. 2013**

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 168/17

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu wethu, usinikile impilo futhi uyasigcinela yona. Sisize ukuba lokhu sikuqaphele, usisondeze kuwena sikubabaza futhi sikuhlonipha sifune ukukukhonza ngomoya nangeqiniso. Qinisa ukuphila kwethu kuwe ukuze sikusebenzele ngenjabulo nangokuthembeka, sisekulomhlaba, sibheke ukuba nawe ingunaphakade kwelizayo. Senzele loku Nkosi ngomusa wakho. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseGalathiya 3:26-29

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:21.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 65/61

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Zwi lentshumayelo** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuzo izAga 16:1-9, lithi: “Umuntu unamasu enhliziyweni, kepha impendulo yolimi ivela kuJehova. Zonke izindlela zomuntu zimhlophe emehlweni akhe, kepha uJehova uyalinganisa imimoya. Gingqela kuJehova imisebenzi yakho, ukuze kuqiniswe amasu akho. UJehova wenzile konke kube nomgomo wakho; yebo, nomubi umenzele usuku olubi. Bonke abazidlayo ngenhliziyo bayisinengiso kuJehova; impela abayikuyekwa. Ngomusa neqiniso ukona kuyahlangukwa, nangokumesaba uJehova kudedwa ebubini. Lapho izindlela zomuntu zimthokozisa uJehova, uzenza nezitha zakhe ukuba zihlalisane kahle naye. Okuncane kanye nokulunga kungcono kunenzuzo enkulu kanye nokungalungi. Inhliziyo yomuntu iceba indlela, kepha uJehova uyaqondisa izinyathelo zakhe.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo kuKristu! Namuhla lusuku lokuqala emnyakeni omusha. Sifike ngempela onyakeni omusha! Halala, siyabonga! Ukhona ngempela kanti uNkulunkulu?

Baningi lapha emhlabeni abayizihlakaniphi ezaziwayo, nokho abaphika ukuthi uNkulunkulu ukhona. Bathi bona uNkulunkulu nenkolo yizinto ezamane zaqanjwa nje kwenziwa amasu nje okubusa

nokulibazisa abantu. Bangingi nabanye ababuphika ubukhona bukaNkulunkulu ngokuthi asikho isiqiniseko sakho. Ngalokho babeka amathemba, isikhathi, namandla abo kwezinye izinto ezidaliweyo. Lapha sikhuluma ngababizwa-phecelezi ngokuthi “atheists”—abathi akekho uNkulunkulu, nama-agnostics—abathi abukho ubufakazi bokuthi ukhona uNkulunkulu.

Isizathu sokuphika nesokungabaza ngobukhona bukaNkulunkulu, nokho, asikho. Bheka nje imvelo ekuzungezile. Yavelaphi? Umsuka wayo uyini? Ngubani nje okwazi ukuchaza ukujula kwaleso naleso sidalwa—ubuhlakani nokuhleleka kwaso. Ubuhlakani lobu nalokhukuhleleka akuzenzekelanga nje. Kwenziwa wubuchule bukaNkulunkulu!

Nakuba singembone ngamehlo uNkulunkulu, siyatshelwa nokho ukuthi ukhona ngempela ezimpilweni zethu ngabanye. USolomoni usexwayisa ngokuthi **ngokumshaya indiva uNkulunkulu sizilaya thina**, ngakho usikhuthaza ukuthi **simamukele ngalokho sizuze kuye isibusiso!**

Lapho umuntu ebhekene nengozi nanokufa, ukweyisa uNkulunkulu kuyaphela, nokunqikaza kwakhe ngobukhona bukaNkulunkulu kuphenduka isikhalo esenxusa usizo lukaNkulunkulu. Nokho, isidalwa esingumuntu sihlala njalo sizikhohlisa ngemicabango yokuthi siyaziphilela asisekelwe nguMdali.

USolomoni ngokuhlakanipha akunikwa nguNkulunkulu usitshela ukuthi: “*Zonke izindlela zomuntu zimhlophe emehlweni akhe, kepha uJehova uyalinganisa imimoya.*” Umuntu ngokwemvelo uyisidalwa esinokuzikhohlisa, esimshaya indiva uNkulunkulu, nesinokuzethemba okungenamsebenzi. Yisidalwa esizishaya isifuba ngentuthuko esinayo, noma sibonge abanye abantu ngokuhle esinakho kunokuthi sibonge uMdali. Lesidalwa sibuswa wukuzenzisa: phambi kwabantu sizishaya olungile, kanti ngasese izici zaso azipheli. Isidalwa esingumuntu siyazibonga ngezenzo zaso—ngisho nalezo ezingubudlova nokukhohlakala. Umuntu uyaziqhathanisa nomakhelwane wakhe ukuze athi ekugcineni yena wenze kangcono kunalomakhelwane. Nokho, nguNkulunkulu ohlakaniphe ukwedlula nowazi konke. Kuyena, “*imihla yokuphila kwami ayilutho; impela yilowo nalowomuntu ungumoya nje*” (AmaH. 39:5b). UNkulunkulu ubona ngale kokuzenzisa kwethu, kuhle komuntu obona ngale kwengilasi.

USolomoni uthi: “*UJehova wenzile konke kube-nomgomo wakho; yebo, nomubi umenzele usuku olubi.*” Akekho ophila lapho isandla sikaJehova singeke sifinyelele khona. Nakuba umuntu enayo intando yakhe yokuzikhethela nokuzithathela izinqumo, nokho ngenxa yokwala nokulahla uNkulunkulu, umuntu usamelwe wukubhekana nawo lawamacala. KunjengoFaro eGibhithe (bheka

Eks. 9). Izikhathi eziyishumi uFaro eqinisa inhliziyo yakhe eqophisana noNkulunkulu, kanti ekugcineni nguNkulunkulu ozoyiqinisa inhliziyo kaFaro. Kungaba njalo namanje kwabaphik' uNkulunkulu. U Davide iNkosi waloba eHubweni lakhe lokuphenduka: *“Ngonile kuwe wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho, ukuze kuthiwe ulungile ekukhulumeni kwakho, uchache ekwahluleleni kwakho”* (51:4). UNkulunkulu uyabaxolela ngomusa labo abazifulathelayo izono zabo; kuthi labo ababambelela ezonweni zabo bemshaya indiva yena, uyakubahlulela ngobungcwele nokulunga ngosuku lokugcina!

*“Bonke abazidlayo ngenhliziyo bayisinengiso kuJehova; impela abayikuyekwa.”* Isono sokuzidla siyisidleke sazo zonke ezinye. USathane waqophisana noNkulunkulu ngakho ukuzidla—enganeliswa yindawo ayabelwe, efuna nokubangcono kunoNkulunkulu (Is. 14:12-15). UAdam noEva bafuna ukufana noNkulunkulu, ngalokho bahlanganyela noSathane (Gen. 3:1-6). Akukhathaleki ukuthi ibutho ababehlangene kulo kwakungelinjani, noma ngubani ovukela alwe noNkulunkulu uyakujeziswa. Nabo labo abaphikayo nabangabazayo ngoNkulunkulu, bayakuzibona bephambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKristu, beguqa ngamadolo bephenduka indiva. Uthi uPawulu: *“Ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe... nezilimi zonke zivume ngokuthi uJesu Kristu uyinkosi, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise”* (Fil. 2:10-11). Masikhumbule, bandla, nakuba singembone ngamehlo uNkulunkulu, siyatshelewa nokho ukuthi ukhona ngempela ezimpilweni zethu ngabanye.

Ngokumamukela uNkulunkulu sizozuza isibusiso kuye. USolomoni uthi: *“Umntu unamasu enhliziyweni, kepha impendulo yolimi ivela kuJehova.”* Sivunyelwe ngomusa ukuba sizindle, sicabange, sihlele, silungiselele ingomuso, kodwa ingomuso lelo lisekwazini kuphela kukaNkulunkulu wethu. Nguyena kuphela ophethe isihluthulelo sokuhamba nokuqhubekela ngempumelelo kwikusasa lelo. Yingakho, *“uma uJehova engayakhi indlu, basebenzela ize abayakhayo”* (AmaH. 127:1).

USolomoni usikhuthaza uthi: *“Gingqela kuJehova imisebenzi yakho, ukuze kuqiniswe amasu akho.”* Uvumelana kakhulu noPetru othi *“niphonse izinkathazo zenu zonke phezu kwakhe, ngokuba uyanikhathalela”* (1 Petr. 5:7). UNkulunkulu ophakathi kwethu uyasisekela ngosizo lwakhe kulezo nalezo zinqumo nezinhlelo esizithathayo; uyathanda ukubusisa imisebenzi yethu ngothando asethembisa lona lapho sikhuleka sithi: *“Usiphe isinkwa sethu semihla ngemihla.”* Ukhona ngaso leso sizathu ukuze aqinisekise ukondliwa kwethu, abone futhi athwale imithwalo yethu. UnguBaba onomusa othanda ukuba okuhle kwenzeke kithi, nokuthi ngalokho simazi ukuthi impela ungophakeme!

*“Ngomusa neqiniso ukona kuyahlangulwa, nangokumesaba uJehova kudedwa ebubini,”* kusho uSolomoni. Ukona kwethu kuyahlangulwa ngomusa nangamandla kaNkulunkulu abonakalisiwe kuJesu Kristu. Yena weza la emhlabeni ngenxa yomusa kaBaba wethu; ngomusa omkhulu waba ngonikelweyo ekuphileni nasekufeni kwakhe, ukuze ahlangule izono zethu. Ngokuphiwa yiNkosi, nathi esingabakhe esesamukele umusa neqiniso kuye sihamba ngomusa futhi sishumayele iqiniso. Sipiwa yiyo amandla *okudeda ebubini* ukuze sihlale njalo othandweni lwayo. Ngalokhu siba yisibusiso, njengalokhu kuthiwa: *“Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?”* (Mik. 6:8).

Kulomnyaka omusha masingene sihambe kuwo ngokuthobeka neNkosi yethu. Nalapho abanye besihlupha—abomndeni, abangane, omakhelwane, nozakwethu emsebenzini—masifune indlela esingabaphatha ngayo bona enokumthokozisa uJehova (7). Kulapha la uNkulunkulu ehlose ukuqeda umoya wobutha, andise abazalwane abanhliziyo-nye.

UNkulunkulu nokulunga kwakhe uyanakekela izibaya namasimu, izinqolobane namabhodwe, amaphokethe nama-akhawunti asebhange angenalutho—ubuphofu nendlala. Njengalokhu ethembisile ukuthi uyakusondla, kusesekuyena ukugcwaliseka kwalesosethembiso nokwaneliswa kwethu ezidingweni zethu. Thina masingamshayi indiva silitshaziswe yingcebo esithi siyayifuna. Masizidele kuyena oseduze nathi njalo, osibhekile, nosisuthisayo, agcwalise izinhliziyiyo zethu ngokulunga (8).

Okokugcina: *“Inhliziyo yomuntu iceba indlela, kepha uJehova uyaqondisa izinyathelo zakhe.”* Siyambonga impela uNkulunkulu ngoba lempilo esiyiphiwe nguye siyayihlela siyiphile futhi naye. Singakwenza lokho ngenjabulo enkulu, izinsuku zonke nalokhu esikwenzayo kuzo kuyiziphiwo ezivela kuye. Masimvume uNkulunkulu simamukele futhi njengoBaba wethu othandekayo, sithi: *“Thatha izandla zami ungihole,”* yena angeke asiyekele ekwahlulekeni, uyakusibusisa njalo! Amen.

9. **Umkhuleko:** Jehova, Nkulunkulu wethu! Usubuye wasibusisa nangalomnyaka omusha futhi, siyabonga. Sibeka indlela yethu kuwena sithi hamba nathi kuwona sihambe nawe. Susa kithi icala nesono esisehlukanisa nawe, usiphe ukuzithoba phansi kobakho ubuholi. Dedisa izono, nazo zonke izinhlupheko, usiphe inala, ukondliwa, nakho lokho esikudingela impilo yemihla ngemihla. Senzele lokhu ngomusa wakho omkhulu nangeNdodana yakho uJesu Kristu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 247/180

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondolozwe izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-M. N. Mntambo

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.